



Izimiso Ezihambisana Nobudlelwane Bemvelo Nendawo Okulinywa Kuyo

Ukulima ngendlela ehambisana nemvelo kuyindlela ehlukile kunomkhiqizo wokulima isitshalo esifanayo insimu yonke. Lokulima okuhambisana nemvelo kuyindlela encomekayo yokulima amasimu omndeni ngoba ilungelana nesimo sendawo, ayibizi, futhi iphatha kahle imvelo ayiyihlukumezi. Ukulima ngendlela ecabangela ubudlelwane bezinto ezidalwe emvelweni nendawo eziphila kuyo kusebenzisa izimiso (imithetho) ezifanayo nokulima okumiselwe ukungasebenzisi omanyolo bokuthengwa, kodwa umahluko wukuthi ayikho ngaphansi komthetho wenhlangano ekhipha izitifikethi zokulima ngaleyondlela.

Ukudla okukhiqizwa ngokusebenzisa lindlela yokulima ngezimiso (imithetho) zokuhambisana nemvelo, ayiwawasebenzisi amakhemikhali ensimini, ayisebenzisi izimbewu ezakhiwe zaguqulwa imvelo yazo (GMOs), inempilo, futhi inomsoco ohlelekile kahle.

● 1. Akungasetshenziswa omanyolo bokwakhiwa abangamakhemikhali

Omanyolo bokwakhiwa abangamakhemikhali bubulala izinambazane eziyimvelo enhlabathini ezinomsebenzi owusizo, futhi labomanyolo banciphisa ukunona kwenhlabathi, balimaza isimo (inhlabathi eyakheke ngaso) senhlabathi. Omanyolo bokwakhiwa bayabiza ekusetshenziselweni ukulima, futhi inani nesikalo kwenyuka minyaka yonke. Abalimi bafanele ukusebenzisa izindlela zemvelo njengokwenza umquba wezinto zemvelo.

● 2. Akungasetshenziswa izibulala nambuzane nezibulala khula ezakhiwe ngamakhemikhali

Akufanele kusetshenziswe izibulala zinambuzane (zihlava) ezinambuzane, nezibulala ukhula, ekulimeni okuhambisana nemvelo. Eminye imithelela ngalama khemikhali ukudala ubunyumba kubantu. Futhi lamakhemikhali adala ukuthi ezinye izihlava nezinambuzane ezidla izitshalo zingabe zisazishaya ndiva ezinye izibulala – zihlava ziziqhubekela nje ngokuphila. Uma lamakhemikhali abulala ukhula esetshenziswa ngendlela okungeyiyo abulala imfuyo nabantu ngoba angubuthi (uphoyizeni).

Izitsha eziphatha labophoyizeni zifanele ukubuyiselwa kubathumeli bazo ophoyizeni, kodwa loku akuvamile ukwenzeka. Endaweni yalokho, lezizitsha zibuye zisetshenziswe emakhaya ngaphandle kokuba nolwazi lwengozini enokudaleka.

● 3. Akungasetshenziswa izimbewu zentengiselwano ezakhiwe kwashintshashintsha ufuzo lwazo njengalezo ezixutshiwe ukuze kuphume uhlobo olusha, noma ezakhiwe kabusha ngobuchwepheshe ukuhlanganisa ufuzo lwezinto ezingahlobene (GMOs)

Ukulima ngendlela ehlonipha ubudlelwane bendalo, akuvumeli ukusetshenziswa kwezimbewu ezikhuthazwe ngamakhemikhali, izimbewu eziguqulwe izinhlobo zezimbewu zezitshalo ezingafani, kanye nezimbewu ezakhiwe kabusha ngokuhlanganisa izinto ezingafani njengembewu nofuzo lwesilwane, (GMOs). Lezimbewu ziyabiza, ikakhulu ezama GMO ngoba zakhiwe kabusha aziyona imvelo, futhi abanini bazo sebegodile nelungelo (patent) lazo futhi sekungezwe imali yokuthenga imvume yokuzisebenzisa kulowo ozithengayo. Izimbewu ezakhiwe kabusha azikwazi ukubekelwa isikhathi esilandelayo sokutshala, ngakho-ke aziyona into engakhetwa ukuba isetshenziswe abalimi basemakhaya nemiphakathi empofu. Yizimbewu ezimsulwa ezitshalwe ngendlela ejwayelekile yemvelo ezinconywa ukuthi zisetshenziswe ngoba ziyisisekelo sempilo. Ziyimvelo, zilungele futhi zifanele izindawo ezitshalwa kuzo zijwayele, zinokubekeka zigcinwe umlimi emndenini wakhe ukuze azisebenzise ekulimeni kwesikhathi esilandelayo.

**"Owondla ngakho inhlabathi, kudliwa isitshalo.
Okudliwa isitshalo, kudliwa umthengi."**

● 4. Ukwakha Imvundela

Ibaluleke ukwedlula umanyolo owenziwe ngamakhemikhali abathengwayo. Imvundela “Iyaphila” ngakhoke inobucayi futhi ithatha isikhathi ukwenziwa; ngakhoke kufanele isetshenziswe ngobuhlakani uma sekutshalwa, ifakwe ngezilinganiso ezifanele. Ukusetshenziswa kweminyundu kufanele futhi kubalulekile uma kusetshenziswa imvundela njengokudla kwezitshalo. Ukufaka izikhuthazi zemvelo ezitshalweni kuyalikhuphula izinga lomquba lowo.

● 5. Izindimana zokunothisa (Imibhede)

Imibhede, noma izindimana zokunothisa inhlabathi, kuhlanganisa imisele, imibhede (izindimana) ezenziwe ngokumba kabili noma kanye. Ukulungisa kahle lemibhede (lezindimana) kubaluleke kakhulu. Izindimana (imibhede) zokunothisa zisebenza njengandawo yokonga nokubekisa umsoco wokudla nomswakama kwesitshalo, futhi isebenza njengendawo yokuqoqa amanzi enhlabathini iwonge. Uma ilungiseke kahle, umlimi angawusebenzisa lombhede (lendimana) iminyaka ize ibe mihlanu ngaphandle kokuphendula inhlabathi.

Imibhede yokunothisa (izindimana) iyasiza futhi ekuhlazekeni kwendawo ngoba inkunkuma yegceke nendawo eseduze isetshenziswa khona emibhedeni (njengamathambo, uhlaza olucentwa egcekeni, amakopi athombile, (anensimbi – iron), amaphepha, “nokhadibhodi”).

● 6. Sebenzisa amanzi asesebenzile

Ukuqoqa amanzi asesebenzile (njengawasebhavini nasekhishini) kubaluleke kakhulu ngoba izwe lethu alinawo amanzi amaningi. Amanzi asesebenzile ayahlanzwa ngokusebenzisa amalahle ezinkuni, isihlabathi, umlotha, namatshe amancane. Lamanzi abese esetshenziswa enhlabathini emaceleni ezitshalo, hhayi phezulu emaqabungeni ezitshalo. Amanzi ezitsha angasetshenziswa ngesinye isikhathi ngaphandle kokuhlazwa ngalendlela esibekiwe, ngoba anomsoco othile ophuma ekudleni.

● 7. Faka “ingubo yenhlabathi” (Isemboza senhlabathi)

Yonke inhlabathi idinga ukwembozwa utshani ngokwemvelo. Kubaluleke kakhulu ngoba loku kugcina umswakama enhlabathini, kuvimba nokhula, kanti futhi uma ingubo yenhlabathi isibola iba wukudla kwezitshalo. Ukwemboza inhlabathi futhi kuvikela izitshalo ezinjengezipinashi, izithelo ezinjengamathanga ukuthi zingabi nokuhlala enhlabathini kodwa zibe phezu kwento. Loku kusiza futhi ukuvikela inhlabathini ukuthi ingaguguleki.

● 8. Ukonga izimbhewu Zesintu kusukelwa kuzinhlangothi eziwu 14 nangaphezulu

Uhlelo olufanele lulandelwe lokonga izimbhewu zesintu lokhu kusho ukuthi kufanele kuqoqwe izimbhewu, kutshalwe izimbhewu zekhethelo, kukhethwe lezo ezifanele ukubekwa, zivunwe ngendlela efanele, zibekwe ngendlela ephephile, nokwandiswa kwazo. Ukuqoqwa okukahle kwezimbhewu, nokwandiswa kwazo kwakha ukuba nesivuno esingcono nezimbhewu ezimsulwa eziphilayo. Loku kubalulekile esizukulwaneni sabalimi nabathengi kanye nesizukulwane sakusasa esiyothola izimbhewu ezingcono nokuphepha kokudla. Uhlelo lokubeka izimbhewu kuhlanganisa nokugcinwa kwemicimbi yamasiko. Imicimbi yamasiko yakha uBuntu, igcine futhi umphakathi ubumbene undawonye wabelena ngezimbhewu.



bio watch
SOUTH AFRICA

biodiversity | food sovereignty | agroecology | social justice

*Lelipheshana liyinxenye yamanye azolandela
asalungiswa asozokhishwa uBiowatch South Africa
njengendlela yokunika ulwazi oludingwa abalimi base
makhaya.*

Durban office:

222 Evans Road, Glenwood, Durban 4001

Telephone: 031 206 2954

E-mail: info@biowatch.org.za

Web: www.biowatch.org.za

Mtubatuba office:

12 Aloe Business Centre

Aloe Avenue, Mtubatuba 3935

Telephone: 035 550 3148

E-mail: samu@biowatch.org.za